ILANGA LASE NATAL

Olwesihlanu August 6, 1920.

Amandhla Okwazi

NGEMVA kokuhlangana ukwazi kungamandhla amakulu. Umuntu nonke isizwe esinokwazi sinamandhla peza kwesingenako. Amandhla omzimba adinwa ukwazi ukuwaqondisa kahle ukuba angapapalazi angacitekeli ise. Tina udhlaemnyama siyakudinga ukwazi ngoba ngenxa yokungazi sesaputelwa okuningi nanambla sisesitwe yisitapu kokuningi engabe siyakupatuma. S'dinga imfundo epililoyo yokuseza nati sitwazi ukucosha isinhlamva sokazipilisa esicoshwa yisizwe sonke. Asesi ukuba amakosi akiti nabanomzane bakiti kobakanyela nini ukuti "ayiko inkwali spandela enye"? Abamhlope bayosinika aje keyomfanjwana yokusikipa odakeni lokungazi kepa ubaoze basinika eyogwiayisa amate kiti. Loko ishlalayenza Kukona isisho esiti umteto om'ulu wemvelo ukusibhekela. Yebo nabo bazibhekele okwabo. Uma kunjaloke akusiyo yini imfanelo ukuba nati sisibhekele?

Noma esempe ikona imfundo lapa eSouth Africa nemisamo isesiwa ukuba yandiswe itutaxiswe kepa siti kungaba yisto enhle efanele isizwe ukuba babekona abakiti sbahlala bekona abafunde pesheya esitoleni zavaNgilande naseMerika. Kona nje ukupumela ngapandhle kweswe lakini kuyimfundo enkulu. Uma isizwe sakiti sizautata isiawo yaso pakati kwesinye nzaweleke sibe nokwazi konke kwasesilungwini. Abafana mabayofunda ukwaka nokwenza isinto nokulima umhlabati nobanyanga lwemiti nokunye ukuse babuye lapa nemiqondo yokubona isizwe esinye ukukapuka kwazo bazowufaka lapa kwabakubo. Isizwe samaJapan sakushulwa yiloko ukuntuma abafana abatile bekona ukuyak'oka amlilo esizweni zasentshonalanga esinokukanya.

Siyetemba ukuti lombiangano osukuswayo nakwaZulu uyasvesa imiqondo nokwenza okunjalo ukuze isizwe sisheshe sime ngesinyawo sifunde ukwenza isinto sonke sokuqoqoka nezinye ezidingekayo nesokutengisa. Masinganeliswa yikuba yonke iminyaka le sencike ekwenzelweni isinto kungabiko tina esikwenzayo okufunwa esinye isizwe.

EZANENO NAPESHEYA

Ukugoduka kwama Indians.

Sekuketwe uMr. H. Wynne Cole lapa eNatal ukuba ahambe kuzo sonke izikwata zamaIndia ezibonise ubuhle bokubuyela kwelakubo eIndia. Bakona abangama 400 abavomileyo bahamba. Kuzwakala ukuti uHulumeni uyavuma ukuba abaweze bangakipi mali bahambe nemali engama£25 igolide. Loludaba akwaziwa oluzokuveza ngoba amaIndia aseIndia ayabila ati uma bexosha laba abakubo abalapa ababizwa yibo kuti ngoba sebenotiswe yisitukutuku sabo bese beti mabahambe bati nabo basoxosha abelungu kwelakubo. Lokoke kusho ukuti ahle kuvuke impi enkulu loku nendaba yokukishwa kwamaTurk eEurope ibuhlanzu kuwo onke amaSalumani. Ase kuvele impi enkulu pakati kwezinkolo leei ezimbili ubuKristu nobaSalamani

UMR. GANDHI.

Lomfo manje eIndia kako umholi owetenjwa yisizwe sakubo sonke njengaye. Uzimisele ukufela abantu bakubo. Seloku aqala lapa eNatal usebenza ngendhlela engandile yokutandaza nokuzila ukudhla. Lapo ekona kutiwa akuzi muntu ongasiwayo ikakulu abelungu, kodhli luto kupela ubisi namanzi ayakaleka kupela nabakubo ubaluleka ukuba bonse njalo ngoba eti ungakubo uNkalunkulu.

Usanda kukipa iswi elikulu ngo Mntwana uPrince of Wales wati kuhle abaseIndia bangamenzeli ludumo ngokuhambela kwake kulo ngoba uma benze njalo hlese kuhambe iswi lingesilo iqiniso lokuti bahlesi kahle abakali ngaluto.

AMAKEBHE.

Empakatini walapa eNatal uMr. Lewis Byron upakamise uhlamva lokuti sesifikile isikati sokuba amaBicksha apele manje ngoba kubi abantu benziwa izilwane zokutwala abanye. Wati sekubonakele ukuti ukudones amaRicksha kapemba isifo eziningi kubantu. Abanye bamvumele abanye bampikisa bati ayasiza futi abanye bona abasoli ukuti benziwa izilwane. Kwagciniwa ngokuti sesifikile isikati kepa alikapumi elekuti mapele futi akumteto isiaqumo sabo.

U ABRAHAM LINCOLN

Igama lika Atraham Lincoln liya likuta ukuba nolwasi olumandi. Nguye owakulula abakiti ababa yizigqili eMerika. Usanda kwatelwa isikambazo isitombe ePerliament Square eLondon esivalwe ngesuto elidhla e. Pakuti kwababekona kaakukona uBishop Alawole omnyama waseNigeria naye enobongela bonke abaseAfrica ngomesebenzi walomanta owabe elungile.

UPRINCE of WALES eINDIA.

Ngenxa yokungapili kahle ko Mntwana uPrince of Wales ukuhambela kwake eIndia kwahlehliswe.

IMPI ERUSHA.

Lempi ekade iliwa ngazo sonke lesisinyanga kubonakala ukuti iya nayo eyamaPoles ngoba izingoma zokugcina zibiza ukuti amaRusha asekude buduze neWarsaw emsimkulu wasePoland nokuti sebebacindezele kabi ngangoba sebebanqumele ogongolweni ngokuti mabatele ngemisi etile yabo futi babadedele abaseRusha bangene kubuse iswe iminyaka emihlanu betele.

AmaAllies kuswakala ukuti syakubabasa loko ukuti kangaba lukuni afana ukuxisa abasePoland ukungenisiwa konke loko okunsima. Kutiwa ke kusohlenganwa kukulunywe nabase Rusha.

BAYALA ABALIMI.

Abalimi baseNatal, ikakulu abalima umoba bati ukugoduswa kwamaIndia abakuboni ngoba kuzobulala umsebenzi loku kungeko bantu bokutata izindawo nawo. Bati kuhle pambi koba loko kwenziwe kuvunyelwe ukuba batole abanta bapakati neAfrica. Kuswakala nokuti oGandhi bati mabahleye bonke abaseIndia bayobila kubo eIndia. Kutiwa isicebi sakona siti muningi umsebenzi okona.

IZINDATSHANA NGEZINTO NABANTU

Umshini wokundiza wanda kuwela eEnglish Channel ngamaminiti ayisi 9.

—:o:—

Kungati iParlamende leUniou lesobuye lipume pakati kukaAugust nje.

—:o:—

Unyapala umteto omdala waseIndia wakuba umfazi sehiswe eswa naye lapo kushiswa indoda efileyo.

—:o:—

Njengoba esekubo uMr. Philip E. Ngwane abalobeli bake sebengaqondiswa eHoly Cross Mission, P. O. Ginginditlovu.

—:o:—

Uke wapatwa kabi umkuhlane uMr. M. J. Mdhletshe wasePretoria kepa useyobangoonc.

—:o:—

Abahlali kabi ngalapa eCedara ngoMesers. Mahlesela Komalo nabanye abacitwayo eswesi lakubo.

—:o:—

Kukona iMantshi engenashlengo eMashishini, (Lydenburg) ebopa kona manje eBhunwini uma lishinga ngabantu.

—:o:—

Leku kade esina ibandhla lasesi-Dumbini uMr. Alden W. Ntimba osepindele kubo eAdams M. S., loku sekungena isikole.

—:o:—

Kukulunywa ngokwakiwa kweHotel lesifasana sabantu eFordsburg, Johannesburg eliyobiza £15,000.

—:o:—

Emva kokomisa isinyanga esintsta lize lana ngoMqolbelo obusuku. Lisisile noko.

—:o:—

Kona ngoAugust nje uRev. C. N. Ransom usokuya eBushbuckridge isinyanga esintsta ayesisa umsebenzi weNkosi kona abuye abike kuboawe noma angaya kona okukupela yini.

—:o:—

Amacala asuke edhlulisiwa lapa eSouth Africa aya pesheya ePrivy Council seayavimbeleka, bati abape sheya kuhle amqamuke apele kona lapa.

—:o:—

Izimanga socingo olungenantambo zivela mihlayonke. Kusanda 'kwenziwa iKonseti le eMerika elesiwa yi-nikumbi eyabe ingamamaili angamakulu elwandhle.

—:o:—

Isicebi saseCape Town saTaliana sizibulele ngenxa yokubona usisi lokuba indodakesi yake isiyonakele umqondo imelwe ukusiwa esbedhleli sesinhlanya.

—:o:—

Abaholi baseIndia sebeti makuvulelwe nesifasana sakona siye esikoleni manje loko kube umteto ukuba ajese ongafundisi abantabake bonke.

—:o:—

Ufele pesheya uRev. A. P. Chaplin umfundisi omdala waseWesili obesanda kuya kupumula. Waziwa kakulu eNatal nalo lonke iSouth Africa.

—:o:—

Isifazana eFrance sigabhe pesv kwesilisa ngesi 2,000,000. Kuyadingisa ukuti abalisa bayovelapi bokuteta labahanta. Sekuhlongozwa ukulanda amadola eCanada naseArgentine.

—:o:—

Umfo omnyama waseMelika uJack Johnson owaduma ngeminyaka edhlule ngokulwa nowake wahlula abalwi beswe lonke nzinikele emapolisini loku kade eceshile. Waebekwe icala loku honizi isifazana sabelungu.

Inqungquteia kaNyamezelo Umhlengazo wonyaka wamakonikazi ase Wellseni ayohlangana eKobo lapo bewamukele kona; njengoba eNewcastle lapo wasikonjwe kona nyakenye kuvele isifo resintwala Typhus Fever.

Usovalwa nga Mrs. C. C. Nyawo uPresident wonyaka opelayo akuze kutsite uMrs. W. G. Mtemba. Kungati kusoba ngoOctober ekuqaleni kwake.

Ezase Natoli.

UProfesor James Dubasane wase Mangwenani afike ngelidhlelile nasso sbanza. Sangati useqonde uma ehle asevcongenaselwa.

UAuthor B. Zama waseMahlongwa sesguleli kupila amsi noma loti ipepa lipuma abe ampila yini na!

Umukohlase wokukohlela avukile. Baningi abalele pansi kulesinsuku, amsi ukuti kobasjani!

Isikokeyana sangati asisesuba njengagogobe, nabukela omhlope nasstolakali. Sangati singapela isishimeyane esibati.

Ao Miss Mary P. Mgqwetto, noMiss Ellen Ndabane, bake bati azwa ngoo Benoni, bati kusapilwa nakona.

Sike sabona uChief Mandhlesilo ka Mpankanyeki epama emsini wake eTaka. Ubukeka kahle owenkosi.

Opendula nEx-Ngqondo

Baba Mhleli,

Kwelako lika 2nd July kabonakale indaba edabutisayo elotshwa uMr. Ex. Ngqondo layo esiqxela ngezasejele. Kubanga umunyu kodwa ube sipateke kanjalo emajele. Kodwake ukukulama kuva Ex. Ngqondo kuyadida. Angimaoli kakulu kodwa ukwenza sangati ku umteto obekiwe ukuti umuntu kamukulwe edutshezwe ngesindawa sezibhamu noknuye okunjalo Konke loko nokukishwa amesinyo amapolisa nezilalo akusiyo into syabekwa uHulumeni, ukwenza kwabenta noma abelunga ngoba bedhlala ugabantu. Ngako uyasidida ubaba uEx. Ngqondo uma eti akushiwongo ukuti uyokishwa isinyo ipolisa. Futi ngiyaqonda ukuti uma ipolisa noma limnyama noma limhlope alivuny-lwe okuabaya umuntu nakancone. Uma libekwe icala lokushava isiboshwa lidhliwa imali noma lizoshwe. Aku ikoke ukuti uHulumeni uyabalola ube beshaye isibcshwa. Singebeke icala kakuia kuye lapo. Kodwa uma isibcshwa silwa noma silwa sodwa noma silwa nepoyisa umteto uti sesishaywe sise siyeke loko noma kuduishalwe kuso noma kuzo.

Inhlumba ke into yakona, kanti nalapo uma umuntu ekuncoma kaSapcrinterdenti noma kuMagistrate uyajeiswa owenze loko. Ngomsebenzi yebo iBhonu l'yakudushuza uma ufika emsebensini ume nje ungaubambi neaka bi idhla "idibili" uma ingalocsi, kanti naloko akusho emtetweni. Kuti ongasebenziyo kamangalelwe swi. Singesole uHulumeni koko konke kanti kwenza isisebensi zake engasi. Futi uma sinuse emajele singona ngamabomu mzi ukuti siyosibusela nje. Ngoono awesabeke kombe kungancipa uawona loku. Angisho pela okukababa lowo ngoba angasi uba waoneni? Xola Mhleli.

Yimina,

EXG-OBO.

Umshado.

DUBE—KUMALO.

Ushadile uRev. John Langalibalele Dube noMiss Angelina Eunice Kumalo indodakesi yesibili zaRev. Benjamin Kumalo. Beshadele eEvaton, Transvaal, lapo uMiss Kumalo ebengutisha kona. Kubo ise Nhlonhlweni eduze nase Mnambiti, eTransvaal waya ngokuyasufundisa. Beshada ngo July 30th eMagistrate's Court njengoba umteto waseTransvaal, kwati ngo Aug. 2nd baya ekaya like Aunt wake uMiss Sophia Kumalo eEvaton baya kobusiswa umfundisi wase Church of England njengoba umakoti engowakona eChurch

Siyamtakazela uMafukuzela ukutola omsisi emva kokuba onakalelwa sekupele iminyaka emine NgoMsombuluko Aug. 9th. bobe tecolwa abelete umaketi, nabasekaya bese 'kumbona lapa Ohlange.

Maningi amaZulu nabanye abaya emshadweni eEvaton njengoba kwaku iHolide, nameQadi asimasisa.

Imibuzo ka Angelicus Mtiyane.

Baba, Ngikuleka isikalana espepesi lako elidumileyo kengipinde ngibuse kuwe nabefundi bako. Aike, ngisshiafuna lona elidala ngibusa ukuti njengoba kutiwa sonke isizwe sapama kuAdam no Eva konjeke ngshle kube bona babe ngabasipi isizwe kulesi esikona namhlanje? Futi ke ngibuse inqwadi yesiNgisi ebiswa ngokutiwa "Precept upon Precept ukuti ngesiZulu ingabiswa itiweni. Ngisiseni ningipendule bakiti.

Yimina

ANGELIUS T. MTIYANE

No 1 Compound,

Premier Mine, T

Ezase Eshowe.

(No 1 Ex Gono.)

UMrs. M. J. Mpanza okwele ngoMacumbuluko ukuya kubo kuaMapumulo njengoba sebesuya eOscarsberg sowakwate.

o o o

Babajile oTeacher ekade beya eWinter School, baya babana ubuhle bakasikole esesbenike.

o o o

Kukona umfasi ogence emanye ngoosiemba kona ngalapa Empapala babanga indoda bain. Linguqile

o o o

IShow, ngisho umbukiso, wan omnhle kakula nabanta abaningi babhekwe amapalayisi (prizes.) Abalunga basitanda kabi isinto sakiti. Pambili Zulu kaMalandela! Kwaku ngamalela aMashiqela (Sir Chas. Saunders).

o o o

Kulowo mhlobo uSnodaswayo ngingati kwaba ukukohlwa ukuba. Imali eyatolwa uKosi kwaba ama£25.

o o o

Ngomqgibelo kwaku esuku olukulu lapa ngeadaba yebhola (Foot Ball) Zeshikana amanta wabona nje ukuti kosukele. Umuntu wabona easeNtamemi ngamapembe aso abemva soku ubuyalu. Pe lashaya ikati isioko. Zeshukana seshukana zalipouse esa' Eshowe, kwadams indawo ngabati, Goal! Kwati kuse umnaswana salipouse esa' Entamemi. Kwase kuba iHalf Time. Kwase kusuku futi, kwati dukuduku salipouse esakwa Mondi, sabaye zalipinda futi, sabaye seasa kona lok'. Umuntu wabona ukuti iyehlulwa Intamemi. Bala kwabanjalo. Noko kodwa nayo singase esabo ukuti yahlulwa ngenxa yokuti nokuti ngapandhle kokuti babengeko bonke sbabetombekile.

o o o

Bala kwati emva kwesikashana waewoka uPresident (Mr. M. B Zulu) easwanika amaFying Defenders lokomishi. Kwaba omkulu umkosi. Webonga uZulu kuwo omabili amaTeam ogokndhla okuhle kunga zange kuvele msinjwana. Impela kwaku kuhle.

o o o

Umukile uMr M. J. Mpanza ukuya kona le eOscarsberg. Ukwele ngolwe-Sine 29th July. Kwaku kuningi ababezomvalelisa.

o o o

Siyajabula ukubona uRevd. P. M. Langeni esesohlala lapa, pela kade eeHlungwini. Sengati iyamtanda lendawo. Well done, Eshowe!

Ukutunywa kuka Sobantu

(Iqutshwa kwelidhlulo.)

Yebo-ke, Magane, uswani-be: Wahamba uSobantu, lokupela umkombi uhamba ngonde kona eKipi. Wati engakona lapo watuma umnane wake kulowo mhlangano awumsayelwe eKipi, uDr. Bleek, kase aya yena kona ngoko kwake. Latetwa-ke icala lelo sekubetewe emhlanganweni lamlahla uSobantu. Wahamba-ke uDr. Bleek waya wabiketa uSobantu. Osuti uba ezwe loko wati uyadhlula yena uya kuKwini petsheya njengomteto we Church of England. Ekutshilo loko nambala waqubekela pambili waya wafika komkulu eLondon lapo watanywa kona mdhla obekwayo. Kote aba afinyelele wasibika kwabakulu abapete inkantolo enkulu kuKwini. Wabizwa-ke umBishopo waseKipi akuba azopendula emaswini kaSobantu Laqulwa-ke icala labo kwaza kwapela isikati esido. Kungati leicala latetwa iEngland yonke. Amakosi amakulu awabe eliteta ezikantolo enkulu ka Kwini inhloko yawo kwaku nguLord Romily. Lelo cala lanikwa nababa ba issi sikuKwini abaqonda nokuhamba nokuma kwezinkwekwesi seZulu abasitshela sonke isisto esiseZulwini, ngitsho bonke abahlakanipise okwesazi leso esabona inkanyezi empumalanga mdhla kuselwa iNkosi uJesu. Bonke labo kunye namaJoji amakulu bamteta uSobantu, bamfunyanisa ngempela ukuti nginisile kuwo onke amaswi ake, bambona ukuti naye uyisazi esiminye kulesisindaba asikulumaye seBible. Leselimlshla njalo uBishop Gray lateta uSobantu kwatiwa kapi ndele esikundhleni sake sobaBishop eNatal, avuse abantu ngako ukufundisa kwake loku afundisa ngako.

XVII. Yaba njalo-ke indaba yokuxabana kwalawa'mkosi amabili amiselwe ukusilileka kulesi sindaba es'uku la esipe'e uNkulunkulu. Yiloko okwatokutelisa uBishop Gray, wasa wavesa leli lokuti amakosi amakulu okupata isindaba zika Nkulunkulu, ukupela asi ukulangisa isindaba somhlaba nje. Wati kungaloko-ke yena kasayikabaye sbenzovase Church of England, seleyakuba ngowaseChurch of the Province of South Africa. Isindaba zake asisayikupinde ziye komkulu eEngland, asziyakugcina eBandhleni elikulu leo Arch-Bishop, singabe sisaya endhlunkulu. Wati uba akulume loko wagugqula petsheya wabuyela ekaya eKipi. Nango-ke edhlula ngesinyawo esa lapa eNatal. Kepa uSobanta wabe engakafiki, esalibele kona petsheya lapo ehlela isindaba zake.

NENO, ZINTOKAZI!

Ukupela kwendhlela epolileyo nenqiniso yokwenza nibukeke kangoono ngukuhlambalala nokunotisa izasi lenu. Izinhlamvana sikaChamberlain siyakwensa loko. Zitengiswa yibo bonke abatengisi.

Intshumayelo kaGoverner-General.

Ake ngiponse libe linye ngodaba twesindhla. Ngiyatomba ngoqobo uku ti kusoubeka ukwemiwa imisamo yokuvuna ubungenene ekwakwati kindhla esihlala abantu lapa eJohannesburg nakwemiseye imisi lapa eGoli.

Ngibhekisela ikakulu kwamaoyo amaLokishi. Amaoyo sengike ngasibe esile wona ngoqobo. Ngibe ngaya ngo lunye usuku eLokishi lase Klipspruit lapo esiningi isindhlu siyisibanelo soku ngafunela kubanjelo.

Kepa sengike ngabona nezindawo esimbi pezu kwaleyo. Indaba ikuto abeMunicipality, nawo. yibo ongabo betengisa lokubiala futi bashesha.

Seloku ngaika lapa eSouth Africa sengishembile isigidi esiningi esakiwe abantu esiningi sikukanye, esilapa pakati kwaUnion, nas'Ousta, eBechuana land, eSwazini, naseRhodesia (kwa Maslikasi, lawomaswe engingaHigh Commissioner wawo. Loko kwange nzela itube lokubonesa ubuso nobuso nam ukusi nabantu benifunde ngasiti nda.

Abantu balapa eUnion njengoba s'esi bapetwe nguHulumeni weUnion neParlamende leUnion.

Ngiti ku iqiniso silkumbulekayo kwabamayema ukuba eNtshumayeni kweni engayikipa ngesikandhla esmi sobuGoverner-General mdhla kuvulwa iParlamende leli elihlesiyo udaba lwe Ndhlumayema kwaba nendawo eqa vile.

Sekwakiwe umteto pezu kwesikloko esapatwa kulayontshumayelo esmiqo piso yawo yavunywa yangenyuka yi Bandhla loMpakati ngamadoda alo ama ningi.

Loku kukomba ukuti abelungu im vama yabo kulo lonke eleUnion baya kolwa ukuti kuhle kuqutshekelwe pambili ngoqobo mayelana nodaba kwaBantu.

Ngisauti qapuqapu ngokujongwe yilomTeto.

Okokuqala, kuqondwe ukumiswa imikandhlu yesigodi esakiwe abantu, inxa abantu bakona bekufise ukuba imiswe ibe ngeyokupata isindaba sabo.

Ngiyaqinisa ukuti bonke abantu abanemiqondo bazuzelanela itube aba asulinikwa lokusho ukubona kwabo ngemilomo yabantu bakubo nokuba nabo babe nesidhla esindabeni sabo.

Okwesibili, kuqondwe ukubekwa kKomishari yab'Etsiloki esindabeni sonke esipata abantu. Loko akusiwo umqondo omusha.

Amakosi esu onabo ab'Etsiloki bawo laboke beKomishani bayaubo abaluleki nemehlo nesindhlebe sikaNdunankulu oyinhloko yeMnyango wesiNdaba za Bantu.

Lobabaluleki bayauba amadoda aba siyo abantu.

Bayakwamba ukuku pakati kwaba nta basibonelo ngoqobo ukuhlala kwa bo nobakufiseyo, ukuze babikele balu leke uNdunankulu (owuma ukuhlala esinye isiduba) ngokwenzekayo no ngakwenziwa kokusisa abantu.

Ake ngilinganise ngokuti ngiyasi ukuba esinye ezakulo zona esikulu uMteto wamaPasi.

Kuselubala kubantu abaningi ukuti kukona okuningi esekwadhlulelwa yisikati nokucanelayo kulowomteto nokuti isikati sesifikile sokuba esinye isitantelo esibekelwe abantu ekubambe ni ukuba siauwe.

Udaba lomTeto wamaPasi kade luhlolwa liKomiti eseliwubukile umbiko walo pambi kweNkosi yesiNdaba za Bantu; loko ngolunye lwasindaba soku qala olusentshe pambi kwabaluleki labo ukuba bakipe isululeko sabo nga lo.

Okwesitatu, lomteto omuha uti ku yaude kuhlala kbhlele kumenywe imi butano emikulu kube eyamakosi naba holi babantu anbanye abantu. Nga lomibutano uHulumeni ayaukuwa okushiwo ngabantu mayelana nezinda ba esipata bona.

Ngakoke, ngapambi kokuba namupi umteto opeta abantu ungene pambi kwaParlamende, abantu bayamncoaye lwa wona nocekelwa kona babe netu ba lokuzoza ngawo nabo bodw uHulumeni neParlamende yikona eyau kwazi okusesihlisiyweni sabantu, kuvinjelwe ukungetembani nokungana mbitani.

(Isaqutshwa.)

ISAZISO

Bayamenywa bonke abatengi base Gardensville ngomhla ka 10th ku August 1920 ngo 9. a.m. wakuseza. Kuyokulunywa ngendaba yokwakiwe kwendhla yesikole, kwakiwe isa lo tola imali noma ngesimvu noma ngesitolo noma ngani. Ongenakufika kuhle ase atome impendulo. Indhlu yakiwa ngomteto wabahloli besikolo. Ingumsebenzi wenu indhlu leyo eyiskiwo sase Gardens.

Yitina abenu amaTrustees sse Garde n.

I. S. MABASO

Umbhali

Imishado

[Sambele izindaba lapa esiningi semishado kepa uma singasifaka zonke ipepa lingagcwala zona zodwa. ibe indawo isinc pile yepepa. Kuhle abatumele kusisindaba kaqonde ukuti kusisindaba kuhle sitanyelwe silondela imiso esikohelwe 2/6. Uma loku kushipiwa konobona singakamukeli isindaba sabo. Yezi sisilando ngamafapi ngaze yobodo kuno. Mhl. E.]

KUZWAYO—SDLU.

Lomshado wabe ngaJune 22 upakati kwaso Weavers Mantenwakosi no Andrwtta. Umlisa indodana kuRev. M. Kuzwayo nasonobi indodakesi ka Rev. A. D. Zulu. Wabe umkulu amahle ngesimoega. Ukudhla kwabe kuyisipihi isintomo nawo sabana. Kwabe kuse namabuto oMntwana oNkantini kaSitshu. Umshado wokuqala kwaZulu ngobukte nobukulu.

DAMBUZA—KUZWAYO.

Lona wabe ngo 28th June upakati kwendodakesi vesibili kuMr. noMrs. Stephen Umlaw kasa Edendale no Thomas Morris Dambuza wase New Zeotland. Wabe apambili lomshado. Kwashadisa uRev. P M. Yeni. Isimemo sawo sabesikuiu nokuhlabelela kwabe kupambili loku abahlabelele babepetwe umfo kaCalusa (Reuben) wesiwayo. Kwakukona amadeni wakwa Kuzwayo akasdene. Kusihlwa kwaziwe esikoleni kwazokwa esimnazidi Isidhlo akukulunywa ngaso kwabe ku zapambili eEdendale lasonde kapetse ngoMesers. W. Tshabalala noJ. S. Gumede. Ukeke wemosangazo kwabe kuyisio yamshlo.

MADAWENI——NDHLOVU.

Ngomhla ka June 21 kwabe ku nesu olukulu ukukohlakala eVryheid mhla kushada laba abasa nLister C. no Caroline R. B. Umlisa yindodana kaRev. J. Madaweni wase Acton Homes nentombi indodakazi ukupela kwayo yomnamzane wakiti chlonipekayo uMr. w. W. Ndhlovu. Wem umakoti ngengubo yake yobiobo lwaseesilungwini iCrepe-de-chine nemvakazi ejase yati gqa pansi nempeleti yake uMiss Elsie Mbonambi wase Verulam esa ngeWhite-popiin. Nendhle yesonto yake ivunulisiwe. Kwakuse nabapambili abasiwayo oRev. A. Mtimkulu noRev. S. G. E. Majosi no A. E. Kumalo no A. Sibiya nabanye noRev. F. F. Long waseMalvern wabekona. Isintombi ezinye zasivanule ngegabhe keki oMisses A. Msaneng, A. Zikali, E. Kubheka noMabel Wilson kayashiywa ke lapo. Isipo zikamakoti sabe ziyiqwaba.

eNANDA.

Emsini waseNanda uRev. W. S. Ndawonde washadisa emitato ugalanga liaye.

NGIDI——NYONGO.

Lona isisiwa nguWilliam Ngidi indodana yesibili ka Mr Ngasi Ngidi walapa noMiss Jane Nyongo indodakazi yesine kaMr. noMrs. Makebesane Nyongo abangase'ko baseGroutville. Abese Mvoti bebe baningi noto'sbelela kwabakuhle imisi emiclala yombili keya iketo lab'eleka indawo abakomtwana noma bati bancishwa ituba.

MNGADI——NGCOBO

Kwaku ngowa Fpheh Mngadi wase Mtwalume noMiss Lonisa Ngcobo intombi yalapa.

NDIMANDE——ZAMA.

Lona ngowa Miss Zama intombi endala yalapa eNanda ebiyigugu kakulu lokuhlabelela.

Isimame saseNanda sapa yilowo waseNanda esbadileyo kahle kanje isipo semali. Isipo sebeshadi sabe ziningi zintule indawo epepesi.

Isaziso Somkosi

Ngomhla ka 6 August kobe kuli langa elikulu eTown Hall. Isikulazem nye emzawe. Ziti iUnion Zulu Choir egipiade ihlabelele futi siagakabayeli emazweni akubo. Kudela oyobe kona nzaleyomisi isintokazi neziosizwa sobu lalana ngamaSolos nama Quartettes.

Isingeno kubaluagu 3/

" " kubanto 1/

Oyokulumela uhlangoti lwabanto ngu Rev. A. Mtimkulu.

Kufunwa.

Umuntu okwazi ukubaza nokwenza amaKabhodi nezinye izinto ofunayo makafike masinyane. Imali epezulu ku

Geo. P. Msomi

3 Jules Street

Jeppes, J. H. burg.

MUS'UKUKOHLELA

Ku abatsita ukuyek'oka ukukohlela kuleku kuhlezi kukehlanga ukupila kwako, abe okaChamberlain ungahle acapilise. Awazi lapo unembe losi lengeye lukufikise kona. Mus'ukuyeka umpimbo wako namapapa atole isifo kube kuyinto elula ukungenes esitolo somkemisi ufune icabha loka-Chamberlain wokukohlela. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

MUS'UKUZIFAKA ENGOZINI yePNEUMONIA.

Qeda lowomkuhlane ngoxasheshe ongase ubenako. Ushayelela zonke izifo zamapapu iPneumonia ingahle ipembeke ngamahora ayingconana. Puza okaChamberlain wokukohlela yinto elula kepa umsebenzi wawo uyamangalisa. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Wanted.

Teacher, 2nd or 3rd Grade to commence August 3rd.

Apply

Rev. W. R. MOODIE

Inanda.

Kufunwa

Owesifazana womuntu wokupeka abantu lodhla. Akombise incwadi yomsebyo. Ibolo liyoqala ngo£3.

Bhekisani ku:—

Mrs. ALFRED BLAMEY.

Umzinto.

ILALA

Lingatolakala imibongo engamashumi amahlanu ngo5/- ayikulu nesbasi ngo10/-. Incwadi yokulibisa izo ipata imali.

Banti ikeri:—

A. EYLES.

Facsdale P. O.

Masiza Office

Ngasiza bonke abakade bebenga imiti kwaF. L. Dawber, 509 West Street, Durban, ukuti lowomnazan eseswayekile umsebenzi wemiti; useceplasini (farm) laka. Mina-ke mfowabo, okade esebenza kona kulo loloKemisi, nowo ngiabo nesibi nakona seqinisile elami ukuti emiti efana nayona yakona, ne'shlolelwa futi ngobuhle, nangemandhla. Ng ke he nzimeme bonke abafuna lniti etakwe ngokwesi okupalelwo ukuba kebalinge lena eyami. IAddress he nasti:

Masiza J. BAINES DAWBER

P. O. Box 853,

Durban.

Uma umuntu efuna ukufika sidumbe lapa, angaqonda kuNo. 5 Mills Arcade, Railway Street, Durban.

Notice

"Fair View Girls' Intermediate"

Room for ten more girls. Girls may enter Standard V.a or V.b or VI.a or VI. Fees 2 Pounds 10s, if all bedding is brought, 3 Pounds none is brought.

NELLIE A. REED

Principal.

NATIVE CORRESPONDENCE COLLEGE

The Rev. C. Theodore Binns has opened a Correspondence College for Natives onlywho are desirous of taking Teachers, Matric, and other University examinations.

This is of especial use to private students in isolated places.

Apply for full particulars, stating subjects of exam. required to:—

Rev. C. THEODORE BINNS,

P. O. Tempe,

Boemfontein.

EDWALENI HIGH SCHOOL FOR NATIVE BOYS.

Come to Edwaleni High School for native boys, to prepare yourself to teach mswati training or to do carpent ry or blacksmithing.

W. S. HOFFMAN, A. B., M. A

Principal.

Intgelweni,

Natal.

NOTICE TO THE FARMERS!

ISAZISO KU KALIMI!

HENRY P. MKWANAZI, Saddler & Harness Maker.

NATIVE MARKET Victoria St., Durban.

Prices are as following:—

Scotch Reins. Double Reins.

All With bits.

Riding bridles from £1-5-6 to £2.

Headstall " " £1-7-6 " £2.

Riding Reins " 8-6 " 17/-

Side van Harn. " 10-10 " 12-12 Br. F.

Mule breast Collar " 18 6 " 1-8 each

Mule Bridles " 8/6 to 10/6 "

Donkey van harness " 7-10 " 8-15/6

" Breast Collars " 9/6 " 12/-15/6 17/6 each.

All wheeler breast collar 2/6 extra.

Bags, belts, wristlets, reins, straps, ox harness, bits and chain traces.

Repairs to saddle & Harness done at reasonable prices & only best leather used.